21 August 1903

| | |
|---|---|
| NEWSPAPER: | *Ipepa lo Hlanga* |
| DATE: | 21 August 1903 |
| TRANSCRIBER'S NOTE(S): | No name of the author. No name of the reader the author is responding to. |
| CONTENTS: | The article is about the schism between the Church of England and the Church of the Province of South Africa. |

CONTENT WARNING: Nil

**EZE CHURCH.**

(EYOMBHALELI WETU)

Epepeni lo Hlanga elidhlule ngetuke ngihlangana nendaba yokuhlangana kwe Synod le Church of the Province of South Africa, ngabona ukuti:-

"Ibandhla" . . . lase Province of the Church of Africa Ilona elimiswe
"ngokuvumelana nokwazana nezinhloko
"ze Church of England elipesheya
"Loku kufakazwe ngama Bhishopo
"amakulu amabili (i Archbishop of
"Canterbury, ne Archbishop of York)
"Kuyatembeka ke noko ukuti isigcino
"kopinde kuhlanganwe, ngoba sebe
"ingcosana abamhlophe abasapikelele
"ukulandela u Sobantu

Lamazwi akulunywa ngomunye ongatandi siminya, ozikulumela akutandayo, kambe ngenxa [yokungabha?zi] abantu. Ekuluma loku kambe eqonda mhlope okwokuti kunqatshiwe impela ukuba impahla ze Church of England zinikwe i Church of South Africa, udhlula uveza amazwi okukohlisa izwe ngokuti leli church elahlukeneyo "ilona elimiswe ngokuvumelana nokuzwana nezinhloko ze Church of England," enganti uyapinda okwokuti inhloko ye Church of England ngu King uqobo nama Duna ayizinhloko ezibusa em'Busweni wama Ngisi Kungikohlile impela ukuti ukutsholani loko umngane wami, loku uyaqonda mhlope okwokuti kwati uba kuxabane u Bhishop Gray no Sobantu, lamlahla icala u Bhishop Gray zati lezimpahla ezibangwa namhla zanikwa u Sobantu azipatele i Church of England elise Natal. Uyazi futi umngane wami okuluma lamazwi okwokuti bengakaxabani abaBhishopo ababili laba kwakungeko loko kuhlubuka kwaleli Bandhla eselibizwa ngaleli gama el[i]tiwa "Churh of the Province of South Africa" namhlanje. Uyazi ukuti loko kwavezwa ubuhlungu bokulahlwa icala njengoba umuntu wonke osuke elahlwe licala uzwa ubuhlungu akungqala ngo Bhisho[p] Gray.

Bekufanele azibonele wonke umuntu ukuti loku kunquma kwaba Bhishopo ababili abakulu (owase Canterbury no wase York) kwabe kungekunquma kwa luto, ngoba pela aba Bhishopo abakulu banezwi uma besebandhla empakatini, kabanalo izwi uma bebodwa ngoba pela kaba

sibo o “Pope,” bangapansi bona kwomBuso njengoba uyazi futi okwokuti u Pope ungapezu kwalo lonke i Bandhla. Kulapa kungimangalisa kona ukukuluma kwalo’muntu wakiti ukuba uwashumayelelani amazwi anjengalawa ekwazi nje ukuti akuyikwenzeka loko akutshela abantu.

Kufanele ukuba ngikwazise wena Mhleli we “Pepa lo Hlanga,” ukuti abase Church of England baningi kakulu abasiyo “ingcosana” njengokutsho kwomlobeli wako. Amagama alotshiweyo alabo abafuna umBhishopo wabo pesheya ayinkulungwane namakulu amabili namashumi amatatu [?] (1230), abamhlope bodwa ngapandhle kwabamnyama. Ngiyazi e Johannesburg, nase Kimberley, nase Cape Town, nase Grahams Town, abafuna umBhishopo wase Church of England ongesiyo wase Church of South Africa.

Yebo kambe, kwaziwa kahle ukuti mabili amabandhla angawe Church of England – i High Church ne Lower Church. Kukona pakati kwe Church of England abafundisi abangapezu kwe 9000, abafundisa okwama Roma, abokela izimbaqa, abashisa impepo, abakulekela abafileyo bakubo, abenza yonke imikuba engeyenkonzo yama Roma bonke laba esengibabalile, benza lemikuba yama Roma. Po-ke ukutshisa impepo nokukulekela abafileyo kwakwenziwa abakiti beti benza okonakona okufaneleyo. Kungebongwe kambe ngumuntu osileyo okanyisiweyo, ngoba kuse iyo indhlela yokumnyama-bhuqe futi ukutshiswa kwempepo nokukulekelwa kwabafileyo kwanqunywa nya ngokufika kweNkosi yetu emhlabeni, akuswelekanga uba kwenziwe emva kwoba [?nuke]. Uma sibonga loku’kufundisa kambe, kusolelwani ukubonga amadhlozi, loku kuse yiko uqobo nje loku okutiwa makwenziwe ngabantu bonke.

Ngiyajabula impela uma engati umngane wami lo angikanyisele lapa ewatata ngakona lamazwi, kungabi inkulumo yokuyenga, kodwa kube eyesiminya esite ngqi, ukuze nami ngitokoze kanye naye.

LEGEND:

[ ? ] incomplete, illegible word(s)
[ ] notes and words by transcriber

TRANSCRIBER:
Sizakele Gumede for FHYA, 2022.
Student, MA in Historical Studies, UCT.